# transport

Department:
Transport
**PROVINCE OF KWAZULU-NATAL**



Mnuz TW Mchunu
UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natali



## Bazoyikhotha imbenge yomile abaphula imithetho yomgwaqo KwaZulu-Natal ngamaholidi kaKhisimusi.

***Bazalelwe yinja endlini abaphula imithetho yomgwaqo! Lapha uMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha, nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu uthathwe ekhipha isexwayiso esishubile komunye wabashayeli obanjwe ephula umthetho ku-N3 ngaseMidmar Dam muva nje. UMchunu ubehambisana nePhini lika Ngqongqoshe wezokuThutha uNks Sindi Chikunga.***



**Kuhlangane izinhlanga ezahlukene zeseka umkhankaso wokulwa nobugebengu eThekwini**
*Ikhasi 3*



**Isasasa kuvuselelwa ingqalasizinda eyoniwa izikhukhula oGwini**
*Ikhasi 4*

# UMchunu ugxeka imvunge ngokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya





*UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnuz Willies Mchunu kanye noMama beSizwe, uMaKhumalo no MaNtuli, nezinye izicukuthwane emcimbini wokuvulwa kwebhuloho laba hamba ngezinyawo. Kulo mcimbi kubuye kwavulwa nemigwaqo emibili yetiyela, uP15 no P50, exhumanisa iNkandla neKranskop neShowe. Loku kuyingxenye yemizamo kaHulumeni wesiFundazwe ongaphansi kukaNdunankulu uDkt Zweli Mkhize, yokwenza ngcono izimpilo zabantu baKwaZulu-Natal.*

UPHUMELE obala uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal, uMnuz Willies Mchunu wagxeka labo abakhomba uhulumeni ngeminwe uma uyisa intuthuko ezindaweni zasemakhaya.

UMchunu uthe akumele kwenziwe ihaba ngokuyiswa kwentuthuko eNkandla okuyindawo lapho kudabuka khona uMengameli wezwe, uMnuz Jacob Zuma ngoba zonke izindawo zasemakhaya ziyingxenye yezinhlelo zikahulumeni zokuyisa intuthuko.

Uthe indawo yaseNkandla njengezinye izindawo zasemakhaya iyadinga ukuthuthukiswa futhi eminyakeni eminingi kade isalele emuva inganakekile.

UMchunu uthe labo abagxeka uhulumeni ngokuyisa intuthuko kule ndawo bayakhohlwa nokuthi lezi zinhlelo zanqunywa uMsholozi kungaziwa nokuthi uyoke abe ngumengameli wezwe.

"Njengoba sihlale sihambela yonke imiphakathi yasemakhaya sifaka intuthuko, kungani abantu bengakhulumi. Yini kube sengathi abantu baseNkandla kukhona abakonile. Abantu bayakhohlwa wukuthi lo hulumeni ubeke phambili ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya futhi sizigijima zonke ngoba sizithuthukisa ngokufanayo. Kumele kukhumbuleke ukuthi intuthuko yaseNkandla akuyona into evele uMsholozi esengumengameli kodwa yanqunywa kudala kusaphethe owayenguMengameli, uThabo Mbeki," kusho uMchunu.

Umgwaqo u-P15 osuka eKranskop ubheke eNkandla, uhlangana no-P-50 osuka eShowe, ubheke edolobheni eNkandla. Le migwaqo ngaphezu kokwenza ngcono izimpilo zemiphakathi kule ndawo, izobamba iqhaza ekuthuthukisweni komnotho wesifundazwe.

Le migwaqo izokwenza kube lula ukufinyelela eMgungundlovu futhi kube lula ukuxhumana nemigwaqo emikhulu nesemqoka ekuthuthukeni kwesifundazwe.

UMacingwane ubuye wavula nebhriji labantu abahamba ngezinyawo iNsuze nelizokwenza ukuthi abantu bendawo bafinyelele kalula ezindaweni ezifana nasezitolo, izikole zendawo, ezinkundleni zemidlalo, emitholampilo kanye nasezikhungweni zezimpesheni.

## 'Phansi nobudedengu babashayeli ababulala abantu emigwaqeni yase-KZN' - Macingwane



*UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu nePhini likaNgqongqoshe wezokuThutha uNks Sindi Chikunga nezikhulu zikaHulumeni ngenkathi isikhulu samaphoyisa omgwaqo esimele abakwa-Road Traffic Inspectorate (RTI) sitshengiswa abaPhathiswa ukuthi ubuchule obusha bokulwa nezaphulamthetho emgwaqeni busebenza kanjani.*

UNGQONGQOSHE wezokuThutha KwaZulu-Natal, uMnuz Willies Mchunu ukhathazekile ngokunyuka kwesibalo sezingozi ezidlule nemiphefumulo yabantu emigwaqeni yesifundazwe. UMacingwane ukugxekile ukuziphatha budedengu kwabashayeli ngemuva kwezingozi ezinyantisayo ezisanda kwenzeka esifundazweni emasontweni adlule.

Yize zikhombisa ukwehla izingozi uma kuqhathaniswa nonyaka odlule kodwa uMacingwane usakhathazekile ngokuthi ukunyuka kwezingozi kufaka ingebhe kakhisimusi omnyama esifundazweni.

Ngempelasonto eyandulela edlule, ezingozini ezahlukene esifundazweni kushone abantu abangu-28. Ingozi enkulu yenzeke emgwaqeni u-R61, ngaphandle kwasePort Shepstone lapho kuphenduke khona iveni kwashona abantu abangu-8.

Lokhu uMchunu ukuchaze njengento engamukeleki futhi ekhomba izinga eliphezulu lobudedengu.

Ngempelasonto edlule, kushone abantu abangaphezulu kwabayishumi ezingozini ezahlukene.

Nakuyona le ngozi eyenzeke ku-N2 kuphenduke iveni yatshala ngaphandle abantu nokugcine kuholele ekushoneni kwabantu abane endaweni yesehlakalo kwathi abanye abathathu bashonela esibhedlela.

"Isimo esikhona emigwaqeni yethu asamukeleki. Ngikhathazekile kakhulu ngobudedengu obenziwa ngabashayeli emigwaqeni. Uma siqhubeka kanjena kukhomba ukuthi ukhisimusi wethu uzoba ngomubi kakhulu. Ngixwayisa wonke umuntu osebenzisa umgwaqo ukuthi makakhulume nonembeza wakhe, agcine umthetho womgwaqo," kusho uMchunu.

UMchunu uthe uMnyango wakhe uzokwenza konke okusemandleni ukulwa nobelelesi emgwaqeni.

"Amaphoyisa sizowatshala kakhulu kunakuqala futhi ngokubambisana nezinye izinhlaka zomthetho, senze izivimbamgwaqo, kuyona yonke imigwaqo. Sifuna ukuqinisa kakhulu kulaba abahamba ngejubane eleqile, abashayela bedakiwe, abahamba ngezimoto ezingekho esimweni nezingenazimvume," kusho uMchunu.

Ubuye waveza nokuthi uMnyango wakhe uzosebenza kakhulu nemikhakha ehlukene yomphakathi abamasonto, abamabhizinisi, izinhlangano zomphakathi kanjalo nokuhambela nemibuthano lapho kuhlangene khona abantu beshumayela ivangeli lika-Operation Valingozi.

## Inhlanzi ishelwa ngamanzi ezigebengwini kwethulwa umbimbi lwezinhlangano zomphakathi ezilwa nobugebengu.




*UMphathiswa wezokuPhepha KwaZulu-Natal uMnuz Willies Mchunu noNdunankulu uDkt Zweli Mkhize emcimbini wokwethulwa kwenhlangano ezizimele elwa nobugebengu i-KwaZulu-Natal Community Crime Prevention Association.*

INHLANZI izoshelwa ngamanzi ezigebengwini kulandela ukuqiniswa komkhankaso wezinhlangano zomphakathi ezizimele ezilwa nobugebengu.

UHulumeni wesifundazwe ubuholwa nguNdunankulu, uDkt Zweli Mkhize ube yingxenye yokwethulwa ngokusemthethweni komfelandawonye wezinhlangano zomphakathi ezivolontiya ukulwa nobugebengu iKwaZulu-Natal Community Crime Prevention Association (KZN CCPA).

Ukwethulwa kwale nhlangano kuhambisane nesivumelwano sokusebenzisana ngaphansi komthetho phakathi kwayo noMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi oholwa nguNgqongqoshe uMnuz Willies Mchunu.

Okokuqala ngqa i-KZN CCPA ibambe umhlangano wokuqala wayo omkhulu i-Annual General Meeting nalapho kukhethwe khona abaholi abasha bale nhlangano.

Phakathi kwezinhlangano ezibumbe i-KZN CCPA kubalwa Umkhumbi,Isikebhe,Bhasobha Tsotsi ,Juluka Tsotsi,Siyabaphelezela ,Amanqe,Vimbangaphambili nezinye.

UMkhize uthe kubalulekile ukuthi lezi zinhlangano zisigcine isivumelwane sokusebenza ngaphansi komthetho.

”Asisho ukuthi lezinhlangano sizinika igunya lokushaya izigebengu kodwa sifuna ukusebenzisana nazo ekutheni kulungiswe ubuntu nonembeza babantu ukuze bengeke benze lezizinto ezinyantisa igazi ezibikwayo,”kusho uKhabazela.

UMchunu uzwakalise ithemba lokuthi ukusebenza nalezi zinhlangano kuzoqinisa iqhaza lo mphakathi ekulweni nobugebengu futhi kulekelele nokusebenza kwamaphoyisa.

Unxuse umphakathi ukuba uzamukele lezi zinhlangano futhi usebenzisane nazo ukuze kwakhiwe umbimbi lokulwa nobugebengu.

UMacingwana utshele izethameli ebezihambele ukwethulwa kwale nhlangano eThekwini ukuthi kusemqoka ukuthi ziguqulwe ukuze zilawulwe ngendlela ukuze kunqotshwe ubugebengu.

Ngaphambi kokwethulwa kwe-KZN CCPA kuqalwe ngokuphasiswa komthethosisekelo ozolawula ukusebenza kwalezi zinhlangano kanye nemigomo yokuziphatha kwamalungu.

“Lezi zinhlangano phambilini bezibuye zenze okuphambene nomthetho ekulweni kwazo nobugebengu kodwa savumelana nazo ukuthi konke lokho kushintshwe. Manje sezizosebenza ngaphansi komthetho nangokubambisana namaphoyisa. Lo soseshini wazo omusha uzozinika ithuba lokwenza kangcono nangendlela eqondile. Ngale nhlangano sihlose ukuhlomisa lezi zinhlangano ngezindlela ezingalwa ngazo nobugebengu ngaphandle kokwephula umthetho ,” kusho uMchunu.

UMchunu ubuye waveza nezinhlelo zikahulumeni zokusungula i-Provincial Council Against Crime ezohlanganisa zonke izinhlaka zomphakathi ukuze kwakhiwe amacebo okulwa nobugebengu.

“Njengoba engekho amacala ahoxisiwe kulabo ababenawo ngokubunjwa kwalo soseshini kukhomba khona ukuthi umthetho usazoqhubeka nokusebenza kodwa okukhulu kakhulu ukuthi sifundisiwe ngokulwa nobugebengu ngaphandle kokwephula umthetho,” kubeka usihlalo we KZNCCPA uMnuz Tallman Zuma.

Uphinde waqinisekisa ukuthi ukusebenza kwale nhlangano noHulumeni akusho ukuphela kwama-CPF kodwa inhloso wokubambisana kuqiniswe impi yokulwa nobugebengu.

---

## Kuhlangane izinhlanga ezahlukene zeseka umkhankaso wokulwa nobugebengu eThekwini



*Beziphume ngobuningi bazo izinhlanga ezahlukene zomuphakathi waseBluff, eThekwini zizokweseka umkhankaso wokulwa nobugebengu nobelelesi.*

KUQOPHEKE umlando ngesikhathi izinhlanga ezahlukene zomphakathi waseBluff eThekwini zisukuma,zibambisana ukulwa nobugebengu.

Lo mphakathi ukhombise okungajwayelekile njengoba uncome futhi wabonga neqhaza elibanjwe ngamaphoyisa kule ndawo ukulwa nobugebengu.

Lo mphakathi ubuhlele uhambo lokuqwashisa ngobugebengu noNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnuz Willies Mchunu, abeyingxenye yalo.

Lolu hambo beluyingxenye yezinhlelo zomphakathi zokubamba iqhaza njengoba inyanga ka-November, ihlonzwe njengenyanga yezokuphepha esifundazweni.

UMacingwane uhlabeke umxhwele ngalesi senzo somphakathi waseThekwini ku-wadi-66.

Ngemuva kwalolu hambo olukhulukazi kubuye kwaklonyeliswa amaphoyisa asesiteshini sase-Brighton Beach anconywe ngokusebenza kahle ekulweni nobugebengu kanjalo namalunga enhlangano yomphakathi elwa nobugebengu i-Community Policing Forum.

U-Shaun Palframan obesengene shi ezidakamizweni unxuse abantu abasha nalabo okungenzeka ukuthi sebengenile ezidakamizweni ukuthi baziyeke ngoba aziyisani phambili zibulala ikusasa lo muntu, esho nokusho ukuthi labo abangakaqali bangabe besaqala.

IMeya kaMasipala weTheku uMnuz James Nxumalo uqinisekise uMacingwane noMnyango wakhe ukuthi bayabeseka emikhankasweni yokulwa nobugebengu njengoba nabo benohlaka lwaka-Safer Cities lapho beshumayela khona ivangeli lezokuphepha komphakathi.

---

## Kuvunguza umoya wokuthula ezigodini ebezingabhekani eShowe

UNGQONGQOSHE wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal, uMnuz Willies Mchunu ukushayele ihlombe ukuphumela obala kwezigodi ezimbili ebezinokungqubuzana, eMankwanyaneni, eShowe , nesezikhumelene umlotha.

Uhlangothi lakwaKhuzwayo nolakwaMthethwa kule ndawo, bezingabhekani ngemuva kwesibhicongo lapho kwabulawa khona abantu abayisikhombisa zitholene phezulu ememulweni.

UMacingwane walusukumela phezulu lolu daba ngokubambisana namakhosi kanye nomasipala ngenhloso yokuthi kube khona ukuthula nokuphilisana kubantu bakule ndawo.

Kuqopheke umlando emasontweni adlule ngesikhathi lezi zigodi zitshela umphakathi ukuthi sezikhumelene umlotha futhi zitshela izwe lonke ukuthi zizibeka phansi izikhali.

Lokhu kwenzeke phambi kwamakhosi wonke akhele iNdlu yabaHoli boMdabu esifundeni uThungulu.

UMnuz Zibeke Khuzwayo oyinduna yezinsizwa kwaKhuzwayo uthi ngeke kuphinde kube khona ukuchitheka kwegazi kule ndawo

“Kubuhlungu uma kukhona abantu esebeyizinkubela ngenxa yezimpi. Thina sizibophezele ekutheni kube khona ukuthula futhi ziphele izimpi,” kusho uKhuzwayo.

Ukugqugquzelwa kokuthula kule ndawo kulandela isibhicongo esenzeka phambilini kulo nyaka lapho kwabulawa khona abantu abayisikhombisa kunomemulo emzini wakwaKhuzwayo.

Kwavela ukuthi kukhona izinsizwa ezafika zagasela ezinye ezabe zisesigcawini nokwaphetha ngokuthi kusuke uthuli lwezichwe.

UMchunu utshele izinkumbi ebezihambele umcimbi obuku lendawo ukuthi kumele umphakathi ubumbane ukuze ulwe nobugebengu futhi ubambe iqhaza ekutheni kuqedwe izimpi zomkhaya.

UMacingwane unxuse izinduna zezinsizwa ukuthi zikwazi ukulawula izinsizwa ukuze kungaphinde kube khona ukushuba kwesimo kule ndawo.

Ugcizelele ubumqoka bokushumayela ukuthula njengoba sekubhekwe esikhathini samaholidi kaKhisimusi ukuthi akumele izinsizwa ezizojoja zifike ziqale izimpi emakhaya.

“Angikaze ngizwe kuthiwa abantu bangcwekisana ngezibhamu. Isibhamu selokhu kwathi nhlo siyabulala. Kumele izinduna zingavumi ukuhlulwa yizinsizwa, kumele kube yini enizikhuzayo zingaphumi esandleni. Akumele njengoba sekuzoqala amaholidi izinsizwa zifike emakhaya zizoqala izimpi ezintsha. Kumele sonke siqinise ukuthula kule ndawo,” kusho uMchunu.

# Usuvulwe ngokusemthethweni umgwaqo oxhumanisa iLesotho neKZN



*Imvula ayikuvimbanga ukuvulwa kwesigaba sokuqala somgwaqo i-Sani Pass, ohlanganisa amazwe amabili, iNingizimu Afrika, kanye neLesotho. Esithombeni: kusukela kwesobunxele iMeya yoMkhandlu Ingwe, uKhansela Nomagugu Luzulane, isekela Meya lo Mkhandlu iSisonke uKhansela Amon Zondi, uNgqongqoshe wezokuThutha uMnuz Willies Mchunu, iMeya yakwaSani uKhansela Mdu Banda, kanye noKhansela Dumisani Nxumalo oyiMeya yaseBuhlebezwe.*




*UNgqongqoshe wezokuThutha uMnuz Willies Mchunu uvule ngokusemthethweni isigaba sokuqala soMgwaqo uP318 obize uR285 million owaziwa nge-Sani Pass, e-Underberg. Lo mgwaqo uhlanganisa iNingizimu Afrika neLesotho*

## Izodla R45 million irenki entsha eMtshezi



*UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnuz Willies Mchunu, iMeya yaseMtshezi uKhansela Bongani Dlamini, behambisana nesekela Meya yaseMtshezi uKhansela Bhekithemba Dlamini, kanye nezinye izicukuthwane ngenkathi kuphendulwa isoyi lokwakhiwa kwesikhungo sezithuthi zomphakathi kulendawo. Isakhiwo esifanayo sesiqaliwe ukwakhiwa naseMondlo eVryheid*

## Isasasa kuvuselelwa ingqalasizinda eyoniwa izikhukhula oGwini



*Ulivule ngokusemthethweni uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnuz Willies Mchunu, ibhuloho lezi moto, iMalangeni Bridge, e-Port Shepstone muva nje. Lelibhuloho liyingxenye yemizamo kaHulumeni wesifundazwe yokuvuselela ingqalasizinda eyonakala kunezikhukhula eminyakeni edlule.*

## Bathotshwe amanxeba abathinteka ezingozini zomgwaqo



*Kukhanyiswe isibani kukhunjulwa labo ababe yizisulu zezingozi zomgwaqo enkonzweni ebiseNtambanyana, eMpangeni. Kusukela kwesokunxele: uArchbishop Dr M. M. Ntshangase, Inxuma lezokuPhepha emNyangweni, uMfundisi Beatrice Nhleko, uMacingwane, kanye neNkosi uBiyela waseBhukhanana.*

## Imashi yokulwa nobugebengu eNanda ibiyingxenye yenyanga yezokuphepha




*Ubezihola phambili uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu, kanye nabaholi bomphakathi nezenkolo. UMacingwane ubephelezelwa ozakwabo kwisiShayamthetho saKwaZulu-Natal, obekukhona kubo uNgqongqoshe wezeMpilo, uDkt. Sibongiseni Dhlomo, noSihlalo we Portfolio Committee lesiShayamthetho lesiFundazwe obhekene nezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnuz Bheki Ntuli noKhansela uZandile Gumede.*